Umphakathi
Ushicilelo Iwesibili
thungela
uMasingana 2025

# Sinakekela abantu abadala basemiphakathini esisebenzela kuyo!

Isikhungo iZamelani Abadala Old Age Group Centre sinakekela abantu abadala abangu-120. Lo msebenzi obize uR3.2 *million* uhambisana neqhinga leZibulo Colliery lokunakekela abasebenzi nenhlalakahle yomphakathi. Kukhona amagumbi lapho uMnyango wezeMpilo nenhlalakahle uhlinzeka khona ngezidingo zezempilo nezenhlalakahle. Kukhona nanekhishi elinayo yonke into, izindawo zokugeza, amahhovisi onompilo, indawo yokudlela nengadi yemifino.

### Osonkontileka bendawo bahlomulile nabo kulo msebenzi

Angaphezu kuka-20 amalungu omphakathi aqashiwe ngesikhathi kwakhiwa lesikhungo. Ezinye izinkampani zendawo ezingu-8 zenze imisebenzi ehlukene efana nokulungisa ingadi, ukuxhuma amapayipi, ukufaka ama-glass, ugesi, ezokuphepha nezokuthutha.

> **Siyabonga kuThungela ngokuthi alugcinanga nje ngokuphucula indawo okuhlala kuyo abantu abadala bethu kodwa nanokuthuthukisa osomabhizinisi bendawo nosonkontileka bakumasipala wethu,**

kusho uKhansela uNhlakanipho Zuma, oyi-*Executive Mayor* kaMasipala iGovan Mbeki.




**Abantu abadala abaseLebohang naseLeandra manje sebengathokozela ukuthola izinsiza ezithuthukisiwe zomphakathi nezempilo esikhungweni esisha iZamelani Abadala Old Age Group Centre, esanda kunikezelwa iThungela.**

## Ezinye izindaba ezikulolushicilelo



I-Beestepan Agricultural High School isinomtapowolwazi omusha Ikhasi 9

NKULO Community Partnership Trust

I-Trust yethu yomphakhathi isisezinkundleni zokuxhumana! Ikhasi 18



Abasizwe yiThuthukani babheka ukuguquka kwamabhizinisi abo Ikhasi 5

## Yini amalungelo abantu neqhaza likahulumeni nelamabhizinisi?

**Amalungelo abantu yinto wonke umuntu anayo. Aqinisekisa ukuthi wonke umuntu uyahlonishwa, uphathwa ngendlela efanele futhi unesithunzi. Lamalungelo ayafana kuwo wonke umuntu, noma ngabe uwubani, noma ngabe uzalelwe kuphi.**




**01.**

Amalungelo abantu abhalwe emqulwini womhlaba wonke i-*International Bill of Human Rights*, kanjalo nakwezinye izivumelwano. Akhona nasemithethweni yezwe.



**02.**

Eningizimu Afrika, akhona emqulwini wamalungelo, i*Bill of Rights*, otholakala kuMthethosisekelo.

**03.**

Kukhona nemigomo yawo ehlanganiswe yiNhlangano yeZizwe, i-*United Nations Guiding Principles on Business and Human Rights*.




**04.**

Ngokwe-*Guiding Principles on Business and Human Rights*, ngumsebenzi kahulumeni ukuvikela amalungelo abantu.



**05.**

Ngokwe-*Guiding Principles on Business and Human Rights*, kungumsebenzi wezinkampani futhi ukuvikela amalungelo abantu.

## Isibophezelo sethu ngamalungelo abantu

Umgomo wethu wamalungelo abantu uyingxenye yemigomo yethu kanjalo nenqubo yokuziphatha kwethu.



# Siqhubhe iNyanga yamaGugu ngokupha uDokotela Esther Mahlangu indawo yobuciko

**EThungela, siyalazi iqhaza elibalulekile elidlalwa ngabaholi bendabuko ekugcineni nasekuvikeleni amasiko kanjalo nokucathulisa imiphakathi. Sikholwa ukuthi ubuholi babo bumqoka ekuvikeleni isithunzi samasiko nasekuqinisekiseni ukuthi izinto ezintsha ziyaqhubeka nokuvikela futhi nokuhambisana namasiko nezimiso zendawo.**



> **Sibe yingxenye yalo msebenzi ngenxa yokuthi sisebenzela kakhulu esifundazweni saseMpumalanga lapho yonke imisebenzi yethu eningizimu Afrika izinze khona. Siyibhizinisi elizibophezele ekuhlonipheni nasekugcineni amasiko nezimiso zemiphakathi esisebenzela kuyo,**

kusho uMnumzane uJuly Ndlovu,
isikhulu esiphethe iThungela.

Yingakho nje sibonisene nabaholi bendabuko kusukela sisahlela kwaze kwaba kunikela kuDokotela u-Esther Mahlangu indawo yokwenzaubuciko yesimanjemanje ekhaya lakhe, eMthambothini, eMpumalanga. Inhloso yalo msebenzi bekuwukuqinisekisa ukuthi lendawo ihambisana nezimiso namagugu abantu baKwaNdebele, indawo lapho isiko lamaNdebele lingagcinwa khona ukuze izizukulwane ezilandelayo zifunde ngalo. Izeluleko zabo ziqinisekisile ukuthi lo msebenzi uyalekelela ukugcina isiko nemboni yezokuvakasha kuhlale kuphapheme futhi kuvule namathuba emisebenzi kubantu bendawo.

### Ukukhuthaza imiphakathi ngamasiko nangamathuba omnotho

Lendawo yobuciko izokhangisa imisebenzi kaDokotela u-Esther, ihehe izivakashi futhi inike intsha ithuba lokufunda ngobuciko bamaNdebele futhi ibheke namathuba emisebenzi ehambisana nobuciko. Lokhu kusho ukuthi uma zanda izivakashi eziza kule ndawo, amabhizinisi endawo anethuba lokusimama futhi akhule. Kunikeza intsha amakhono nanamathuba okuzakhela ikusasa kwezobuciko naneminye imikhakha ehambisana nakho.



# Ukugqugquzela isiko ngemigubho yoSuku lwamaGugu



Ukuhambisana nokuzibophezela kwethu ekugcineni amasiko, siyaziqhenya ngokuxhasa imigubho yoSuku lwamaGugu yasebukhosini, iSogutjhe Royal House ngenyanga uMandulo ibisenkundleni yebhola ePhola. Le migubho ibiyinhlanganisela yezemidlalo, ukunandisa okuhambisana namasiko, izindaba nemibukiso yobuciko. Inhloso yalo mcimbi bekuwukuqinisa ubudlelwano phakathi kwezizwe ezihlukene emphakathini, nokubukisa ukunotha kwamasiko ahlukene eningizimu Afrika kanjalo nokugqugquzela ukubamba iqhaza kwezemidlalo. Imicimbi efana nalena ihlonipha iqhaza labaholi bendabuko ekugcineni amasiko, amagugu, ekugqugquzeleni ubunye kanjalo nokusungula izinawo ezigqugquzela isiko nokuhlanganyela izintweni ezithinta umphakathi.





> **Ngalolu hlelo, sakha ubudlelwano obuthela izithelo iThungela osubakhile nabaholi bendabuko, ubuholi babo osebuholele ezinhlelweni ezinhle.**

# Abahlomule kwiThuthukani baxoxa ngokuthi aseshintshe kanjani amabhizinisi wabo



**UNkosazana uLungile Mtsweni, uMqondisi weNamsezana Trading and Projects eseSecunda, eMpumalanga**

**Okudingakalayo ukuze ufake isicelo eThuthukani**

Ukufaka isicelo ohlelweni iThuthukani ESD, kufanele:

1. Ube nebhizinisi elibhalisiwe
2. Abantu abamnyama babe namasheya angu-51%
3. Usebenzele kwabanye balabo bomasipala abathathu:
   - eMalahleni Local Municipality
   - eSteve Tshwete Local Municipality
   - eGovan Mbeki Local Municipality

Ungangena kwiwebsite yethu: www.thungela.com > Suppliers > Our development programme

Amabhizinisi asafufusa lawa phecelezi okuthiwa ngamaSMME awumgogodla womnotho waseningizimu Afrika. Akha amathuba emisebenzi. Ukuze akhule futhi ancintisane, adinga izinsiza ezahlukahlukene , ukuqeqeshwa nokuhlale esekwa. Kusukela ngo-2022, uhlelo iThuthukani ESD seluseke osomabhizinisi basendaweni abangaphezu kuka230 ngokubaqeqesha, ukuhlinzeka ngezinsiza, nokweluleka.

UNkosazana uLungile Mtsweni, ongumunye wabahlomulile, unebhizinisi lokuhlanza amabhilidi nelezokuthutha. Ngokulekelelwa yisigcawu seThuthukani esicobelela ngolwazi esasifundisa ngokuthi uwacala kanjani amanani futhi usifaka kanjani isicelo sethenda, iNamsezana Trading yafaka ithenda futhi yayithola. Manje, ungenye yezinkontileka ezisebenza neThungela, uqashe abantu abangu 17, ukukhulise ibhizinisi lakhe nomphakathi.

Abanye abasizwe yiThuthukani



**UMnumzane uFrance Motau noMnumzane uNkosimphile Mahlangu, Abaqondisi be-Ingy Industrial and Tech Solutions (Pty) Ltd**

ngoMnumzane uFrance Motau noMnumzane uNkosimphile Mahlangu abaqala ibhizinisi labo lezokuthutha nokuqashisa ngemishini ngo2013. Bebebhekene nenselelo yokuxhaswa ngemali, bathole imali ohlelweni lweThuthukani bathenga izithuthi ezinenqola ukukhulisa ibhizinisi labo. Sebeqashe abashayeli basendaweni futhi bakhulisa umsebenzi. “Osomabhizinisi abancane banamandla okwakha imisebenzi, bashintshe impilo futhi bathuthukise imiphakathi. Siyaziqhenya ukubona labo somabhizinisi benza okuhle,” kusho uNkosazana uMpumi Sithole, iNhloko yeCorporate Affairs eThungela.

# Izinhlelo zethu zokuthuthukisa amakhono zifukula imiphakathi

**Sizimisele ekwakheni amathuba omnotho eseka abantu bendawo ukusiza imiphakathi esisebenzela kuyo idlondlobale.**

## Uhlelo lwethu oluqeqesha intsha lukhulisa abaholi bakusasa

Ngo2023, iZibulo Colliery yethule uhlelo lokuqeqesha intsha olubizwa ngecadetship programme. Loluhlelo luqeqeshe amalungu omphakathi angu20 ukusebenzisa imishini esetshenziswa ngaphansi emgodini. Ezinyangeni ezingu-4, abakulolu hlelo bese bethole isipiliyoni esihle. Ngokubona ukuthi abaningi kubo abanawo umatikuletsheni, sibasekile nge*National Accredited Technical Education Diploma* (iNATED) esizoqedwa. Ngenxa yalokhu, u85% wabo usunezitifiketi zikaN2 kanti manje usubhalisele uN3.




Abafundi ababili sebeyingxenye yohlelo lwethu lwe*learnership* eCTC kanti bazimisele ukugcina sebengama-*artisan*.

## Uhlelo lwabathungi leZibulo lukhuthaza abesifazane

Impumelelo yohlelo lwabathungi leZibulo olwaqala ngo2022, luqhubekile ngo2023 nango2024 ukuhlinzeka umphakathi wasePhola nezindawo zasemakhaya owakhele nazo ngamakhono.

Ngokubambisana neMabande High School, abantu abangu 10 sebethole amakhono okuthunga futhi manje baqeqeshwa emsebenzini kwenye yamafemu ezimpahla zokugqoka nokungenzeka bagcine beqashwe ngokugcwele.



## Ukuhlanganisa imfundo nokusebenza

Uhlelo lwethu olucathulisa abafundi selusize labo asebephothule izifundo zabo ngokubaqeqesha ukuthi bathole ulwazi lomsebenzi. *Nkosazana* uCharmaine Magolo, ophothule izifundo zakhe eTshwane University of Technology, *unediploma* yeChemical Engineering ngenxa yalolu hlelo kanti wenze ezibukwayo ePhola Plant, wazewazitholela i-*internship*.



# Abafundi nabasebenzi base-Arnot Colliery Primary School bafundiswa ngokuzivikela emlilweni



Loku kubaqeqesha kuyingxenye yohlelo lwenhlalakahle lweMafube Coal *Corporate Social Investment programme*. Lwenziwe ngokubambisana neMafube, i-ER24, nophiko lwezicimamlilo lukaMasipala iSteve Tshwete.

Luhlinzeke ngamakhono adingakalayo uma kuqubuka umlilo kanjalo nosizo lokuqala, kungaba yisesikoleni noma ekhaya. Abafundi, othisha nabasebenza ekhishini bathole ithuba lokusebenzisa izicishamlilo.



## Kuhlomuliswe abangu-100 ohlelweni olufundisa ngamakhono lweMafube Coal

Ngokubambisana neNational Technical Skills College, lolu hlelo luqeqeshe intsha engu-100 ehlala kuMasipala waseSteve Tshwete ukwenza izinwele, ukukwakha, ukuphehla ugesi ovuselelwayo nokufaka ama-*tile*.

Iqhinga leMafube Coal elibhekela inhlalakahle nabasebenzi lufukula abantu ukuze bakwazi ukuzisebenza ukuphucula impilo yabo.



## Izakhamuzi ezingu-15 zakuMasipala iSteve Tshwete Municipality sezingababhaki abanezitifiketi

IMafube Coal, ngokubambisana neME2U Centre of Excellence, bafundise intsha ukubhaka amakhekhe. Lolu hlelo lufundise nangobuciko bokuhlobisa ikhekhe. Lokhu kuzokwenza abafundisiwe babe namakhono abangafuna ngawo umsebenzi noma baziqalele amabhizinisi abo.

# Izaguga zaseZamelani Abadala Centre zifundiswe ukucisha umlilo namakhono osizo lokuqala

Ukugubha uSuku lwaBantu abaDala eMhlabeni, i-International Day for Older Persons, uphiko olubhekelela ukuphepha eZibulo Colliery kanjalo nethimba lezempilo laseHighveld Hospital bafundise ngezokuphepha. Abezempilo bafundise abantu abadala ukuthi igcinwa, iphuzwa futhi inakekelwa kanjani imithi yabo.

Lolu hlelo lunikeze abantu abadala amakhono okuphucula ukuphepha kwabo.





# IZibulo Colliery idle umhlanganiso kwizethulo zePIT projects

Siyaziqhenya ukunazisa ukuthi siyiZibulo sidle umhlanganiso ngesikhathi kwenziwa izethulo ezibheka indlela esiqeqesha i*Professionals in Training* (PIT) ezisanda kwenziwa. Ithimba lenze umsebenzi omkhulu lawina imiklomelo emithathu kweyisithupha ebikhishwa ngalolo suku.

Sihalalisela ngokukhethekile uNkosazana uTlou Mogoroga (PIT – ventilation and occupational hygiene engineering), uMnumzane uFranco Toua (PIT – Engineering), noNkosazana-Awonke Mthembu (PIT – Mining) ngokuzinikela nokuzikhandla kwabo ekuqinisekiseni ukuthi imisebenzi yabo iyavelela.



# Kuphuculwa ingqalasizinda yemfundo ngomtapowolwazi omusha eBeestepan School

**iMafube Coal ibambisene neBarloworld bazonikela ngomtapowolwazi omusha eBeestepan School ekuMasipala weSteve Tshwete**

Lemali etshalwe lapha ihlinzeka endaweni yokufunda ngezinsizaezizokweseka futhi zithuthukise ukufunda kwabafundi abangu-400 basemiphakathini esakhelene nayo. Ukwakhiwa komtapowolwazi omusha esikoleni kuyingxenye yokunikela kweMafube Coal kanti kunikelwe ngokubambisana neBarloworld.



> **Imitapoyolwazi iyingxenye enkulu yezikole nemiphakathi yethu ngisho esikhathini lesi sobuchwepheshe. Yeseka abafundi ngezinsizakusebenza zamahhala ikakhulukazi ezindaweni lapho kusanenkinga khona yokuxhumana kahle ngobuchwepheshe,**

kusho uNkosazana uCathy Dlamini, uNgqongqoshe wezeMfundo eMpumalanga.



## IPhumelela Secondary School isizwe ngefenisha yiMafube Coal

Lesi sikole esiseMiddelburg, eMpumalanga siqale ithemu yesine ngefenisha entsha efaka amatafula angu-50 nezitulo ezingu-100. Kulindeleke ukuthi lefenisha iguqule indawo okufundelwa kuyo, kunethezeke futhi kuphephe kubafundi.

# Abafundi baseMalahleni benze ezibukwayo ohlelweni lweStar Schools

Lolu hlelo olwethulwa ngasekupheleni kuka-2022, luhlinzeka abafundi abenza uGrade 10 kuya kuGrade 12 ngezifundo ezithe xaxa abazifundiswa ngothisha abanamava. "Emva kokubona ukuthi ishintshe kanjani impilo yabafundi baseSibonelo, lolu hlelo siludlulisele naseMalahleni," kusho uNkosazana uSamukelisiwe Sithebe, oyi-*social performance specialist* eGreenside. Emva konyaka kufundiswa, bonke abafundi abangu-70 abebenza uMatikuletsheni baphasile, kwathi abangu-67% bathola i*Bachelor's pass* esho ukuthi bangathathwa enyuvesi. Imiphumela yezifundo eziwukhiye ezifana neMathematics nesiNgisi iveze ukuthi baphasile bonke abafundi kwathi kwabebenza iSayensi Yesayensi, kwaphasa u-91%, bathole o-disntinction abangu-19 kwathi no-B abangu-36. "Sibheka impumelelo ngokukala umphumela esesibe nawo njengokuthi asephucuke kangakanani amamaki kusukela kulawo atholwa yiningi uma kubhalwa ama-entrance test kuye kwimiphumela yokugcina kaMatikuletsheni," kusho uNkosazana uSithebe.



### Uhlelo lweKhwezela Colliery lokuthuthukisa abafundi

Uhlelo lweFuture SA Foundation olugxile kuhleloLwezibalo, isiNgisi neSayensi Yesayensi lunemiphumela emihle. Ngo-2023, lweseke abafundi abangu-50 abaqhamuka ezikoleni ezintathu ezintsha eMalahleni. Kulaba bafundi, abangu-94% baphase uMatikuletsheni kanti bonke basiphasile isiNgisi, abangu-96% izibalo besekuthi abangu-94% yiSayensi Yesayensi. Abafundi abangu-9 bathole o-A kwathi abangu-8 bathola o-B besekuthi abangu-28 bathola o-C.





### Ukweseka abafundi ukuze baphumelele

Zombili lezi zinhlelo zeseka abafundi ngosizo oluthe xaxa, izincwadi ezinohlonze, ama-scientific calculator, *istationery* nanokudla kabili ngosuku ukuze bahlale benomdlandla ngesikhathi kufundwa. IKhwezela ixhase nabafundi abane abaphase ngamalengiso ngemifundaze ekhokhela imali yesikole, indawo yokuhlala, ukudla, izincwadi nemali ngesikhathi befunda.

> **"Lezi zimpumelelo ziyamangalisa, ikakhulukazi uma ucabanga ukuthi ezinye zezikole ziqale loluhlelo kamuva,"**

kusho uNkosazana Thembeka Malinga, i*social performance specialist* eKhwezela.

# Abagijimi abancane bahlomule ngezimpahla ezintsha ukunyusa ukuzethemba nokugijima kwabo




Umnikelo wezikhindi namavesti angu-130 okugijima iMafube Coal ekunikele iNkangala Athletic Academy uyasiza ukukhuthaza ukujima nezemidlalo. Lo mnikelo awuhlinzeki nje abagijimi ngezinsizakusebenza kuphela kodwa uyabakhuthaza futhi ubagqugquzele ukuthi bancintisane ngokuzethemba uma bemele i-*academy* ezweni lonke. iMafube Coal itshengisile ukuzinikela kwayo ekugqugquzeleni ukujima nokunakekela impilo ngomunye umnikelo wama-track pant



nezikhwama zezemidlalo eqenjini lebhola lombhoxo laseMiddelburg Primary School. Ngokuba nezinto eziphelele, labadlali abancane sebengangena enkundleni ngokuzethemba.

# Ingqalasizinda yemfundo nobuchwepheshe obuthuthukisiwe beseka ukufunda e-Ipani Primary School




Lezinsizakusebenza zifaka amabhodi angu-5, amala*ptop* angu-6, ama*projector* nothango olusha. Ubuchwepheshe obusha bufaka isoftware kanti lunezinto zobuchwepheshe nokuqeqesha ezigunyazwe yiMedia, Information and Communication Technologies Sector Education and Training Authority (iMICT SETA).

> **Lolu hlelo lutshengisa ukuzibophezela kweMafube ekwesekeni imiphakathi esebenzela kuyo nokuthuthukisa ingqalasizinda yemfundo.**

# IMafube Coal inikele ngama*pad* ukunciphisa ukulova esikoleni

Amabhokisi angu-150 ama*pad* anikelwe yiSouth African Women's Federation (iSAVF) esikhungweni esinakekela izingane nentsha iBelfast Child and Youth Care Centre esiseMpumalanga. Lesikhungo seseka izingane eziqhamuka emakhaya antulayo nalezo ezihlukenyezwe wudlame emakhaya.

Omunye umnikelo wama*pad* uyiswe eBeestepan High School nase-Arnot Colliery Primary School. Ngaphezu kwalokho, iBankfontein Combined School ithole amabhokisi angu-42 ama*pad*. Leminikelo izosiza




kakhulu amantombazane akwazi ukuqhubeka nokufunda ngaphandle kokuphazamiseka nanokuzinakekela ngokuphelele.




# Umnikelo wempahla zesikole wenza ufaka ukuzethemba kubafundi



IMafube Coal ne-Inayo Mining babambisene ukufukula abafundi ukuze bayikhuthalele kakhulu imfundo yabo. Lomnikelo akusiwo nje owemifaniswano kuphela. Kulaba bafundi, ukuba nemifaniswano yesikole efanele kunyusa ukuzethemba kwabo.

# Abafundi bebanga lesi - 7 baphiwe izipho zokubavalelisa

Izipho ezinikelwe yiWomen in Mining yeZibulo Colliery (iWIM) ngezokuzinakekela ezifaka okokunakekela amazinyo kanjalo nezicathulo. Ngaphezu kwalokho, iWIM ibambisene nophiko lwenhlalakahle lweZibulo ukunikela ngestationery kanjalo nokudla kwabafundi.








## Kuphuculwa imitholampilo yendawo ukwenza ngcono ezempilo

Ukuthola ezempilo ezisezingeni elifanele kuqala ngezikhungo ezinezinsizakusebenza futhi ezibeka eqhulwini isithunzi seziguli. Ukweseka lokhu, iGreenside Colliery ilungise imitholampilo iPoly neMpumelelweni ekuMasipala waseMalahleni.

EPoly Clinic, sishintshe amawindi angu-38 abephukile futhi safaka izicabha ezimbili ze- *aluminium* futhi sadima amawindi ukuze iziguli zingabonakali uma zixilongwa. Khonamanjalo Empumelelweni Clinic, sinikele ngemishini yokuwasha emibili nowodwa wokomisa. Ukulekelela ngemisebenzi efana nokugcina amarekhodi, sihlinzeke uMnyango wezeMpilo ngama*file divider* angu-500 nama*file pocket* angu-500.



Inhloso yale minikelo wukuphucula ukusebenzi kwemitholampilo nokuqinisekisa ukuthi umphakathi uhlinzekwa ngezempilo ezingcono.

# Abahali basemapulazini baphiwe amalambu nezigcobo

Goedehoop ibambisene nosonkontileka abahlukene yahlanganisa amaphasela anezigcobo angu-340 enani likaR238 000 namalambu asebenza ngamabhetri abiza uR120 000 ukuphucula impilo, inhlalakahle nanendlela abakhanyisa ngayo ezindlini zabo ezisemapulazini. Kwabahlomulile kukhona iBlinkpan Primary School, abahlala emapulazini, uMasipala iSteve Tshwete, izigungu zomphakathi, iKwazamokuhle Secondary School neKhul'unolwazi Primary School.






## Umfana oneminyaka engu-11 ophila nokukhubazeka uphiwe isihlalo esihamba ngamasondoukumsiza

Lomnikelo wenziwe ngokubambisana yiMafube Coal neTaff Foundation, inhlangano esiza imindeni enabantwana abane-*autism* nezinye izinselelo zempilo.



# Umkhankaso wokunakekela amehlo usiza abantu abangu-99 eMiddelburg

**IMafube Coal ibambisene noMasipala iSteve Tshwete, uMnyango wezeMpilo noDokotela u-Amori Klopper ukuqhuba umkhankaso wezinsuku ezine wokuhlola amehlo obekuhambisana neMandela Month.**

IMafube Coal ibambisene noMasipala iSteve Tshwete, uMnyango wezeMpilo noDokotela u-Amori Klopper ukuqhuba umkhankaso wezinsuku ezine wokuhlola amehlo obekuhambisana neMandela Month.

Inhloso yalolu hlelo bekuwukweseka abantu abane-Albinism nalabo abanenkinga yamehlo eMiddelburg ngokubahlola amehlo nangokubafundisa ngokunakekela amehlo.

Angaphezu kuka 120 amalungu omphakathi kusukela ezinganeni kuya kwabadala abahlolwe amehlo kanti abangu-99 baphiwe izibuko zamehlo okuphucule ukusebenza kwamehlo abo.

Ukuhambisana nemigubho yeMandela Month, iMafube inikele nangegumbi lokufundisa isayensi elilungiswe esikoleni iBankfontein Combined School esisesigodini iSomaphepha Village. Ukuvala inyanga kaNelson Mandela, iMafube ibe nomcimbi wokugubha nabantu




abadala bakuWard 7. Bangu-91 abantu abadala abaphiwe izingubo zokulala namanye amaphasela okuzinakekela.

## IZibulo Colliery ibe noSuku lwemiSebenzi ukufundisa abafundi






LoluSuku lwemiSebenzi lwenzelwe ukufundisa isizukulwane esilandelayo sabaholi nabasebenzi emikhakheni ehlukene.

Abafundi abangu340 baseChief Ampie Mayisa Secondary School abavakashele iZibulo Colliery bathole ithuba lokufunda kabanzi ngemisebenzi ehlukene ekhona embonini yezimayini, ezobunjiniyela, ukuhlola amatshe nenhlabathi, befundiswa iminyango eqondene nalemisebenzi ngaphakathi kanjalo nakwabanye abasemkhakheni wezemfundo ePhola.

Abafundi bathole ithuba lokuxoxisana nabenza lemisebenzi ukuzwa kabanzi ngamathuba ahlukene. Khonamanjalo iThungela Highveld Hospital ibatshengise kancane ukuthi kwenzakalani kwezempilo nezokuphepha besekuthi ePhola Academia bona babacathulise ngokufaka izicelo ezikhungweni zemfundo ephakeme, imifundaze nezikhala zokuba amathwasa.

Lolu suku luphele ngemidlalo, ithuba lokubuza imibuzo kanjalo nomdlandla kubafundi nangekusasa labo.

# IGreenside Colliery ifukula isikhungo somphakathi ukusiza abantwana abaphila nokukhubazeka



Ukugubha iMandela Day, iGreenside Colliery, kanjalo nezinkontileka;i Mphikeleli, iRedumeletswi, iTsebo, iVimbani, iServest, neNhlandile, bavakashele iSiphesihle Stimulation Centre futhi banikela ngezidingo ezihlukene.

Umnikelo ubufaka izitsha, izipuni, izitulo, amabhodwe, ama*security gate*, isiqandisi/*fridge*, isiqandisi esikhulu/*freezer*, isitofu, *imicrowave*, umshini wokuwasha nolayini wokuneka. Kufakwe nobhavu omusha wokugeza kanjalo namatile amasha endlini yokugezela.

Lesikhungo esikuMasipala waseMalahleni seseka abantwana abaphila nokukhubazeka nabanezidingo eziyisipesheli njengalabo (abane-*autism*, i*down syndrome, icerebral palsy* nezinye). Sigxile ekuhlinzekeni ngezidingo ezilapho umphefumulo nengqondo kanjalo nezemfundo ukuphucula ukusebenza kwamalungu omzimba kanjalo nomphefumulo wabantwana abathembele kuphela kwizibonelelo zikahulumeni.

Lokhu kubambisana nosonkontileka kuhlose ukweseka umsebenzi walesikhungo, ukuqinisekisa ukuthi sizokwazi ukuqhubeka seseke imindeni ebhekene nezinselelo ezijulile.

> **Into engiyithande kakhulu yingalesi sikhathi sishintsha isibuko izingane ezisisebenzisela ukuzibuka nokuzikhuthaza. Siwuphawu lwethemba nokuzethemba,**
>
> kusho uNkosazana uLebogang Raboshakga.



# Ithimba leKhwezela lenza umehluko eVuma Combined School

Ukuba yingxenye yethimba leThungela kuletha umvuzo omuhle wokuxoxisana nemiphakathi esisebenzela kuyo futhi nokwenza umehluko. NgoSepthemba abalingani baseKhwezela Colliery bakusukumekele lokhu ngokuvakashela iVuma Combined School eLynnville, eMalahleni, ukugubha inyanga yokufundisa nokuvikela i-Arbour Month.



Umphathi-jikelele uNkosazana uNeo Monareng, nabanye abalingani bakhe; ikomidi leWomen in Mining nalelo elibhekele inhlalakahle babambisene neqembu lesikole elibhekelela imvelo, elengamele ingadi yamaveji yeVuma..

Leli thimba lifundisane ngolwazi oluthinta ukuqikilela ukuthi kunokudla okwanele kanjalo nokunakekela imvelo ngaphambi kokufingqa imikhono litshale amaveji ahlukene anomsoco. Baqale nengadi entsha besebenzisa amathayi amadala abawathole emayini nokutshengisa nanokusebenzisa izinto kabusha ngokuthatha udoti uwuguqule ube yinto ongayisebenzisa.

Ukweseka imizamo yabafundi, banikele ngamathuluzi okulima okukhona kuwo izimfologo, amafosholo, amapayiphi okuchelela, imigqomo enamasondo nomanyolo ukuqinisekisa ukuthi izingadi ziyanakekeleka.

Uthishomkhulu uNkosazana uXolile Mtshali ubongile lolu sizo washo ukuthi luzoba nomphumela omuhle kubafundi abazinikele ekunakekeleni imvelo nokusebenzela umphakathi.



# Ipani Primary School itshala izihlahla ze-Arbour Day

IMafube Coal igubhe i-Arbour Day nePharmacy Week ngezifundo ezigxile ekongeni imvelo nezempilo. Lo mcimbi wesekwe nguMnyango wezolimo, ukuthuthukisa izindawo zasemakhaya, umhlaba nezemvelo waseMpumalanga neHighveld Hospital.

Ukuzibophezela kweMafube ekugqugquzeleni inhlanzeko nokuzinakekela, abafundi baphiwe ama*pad* futhi bajabulile nanokuphiwa izigubhu zamanzi nezikhwama zomphako ebezigcwele oncamnce.

# iNkulo Trust isisezinkundleni zokuxhumana

Lokhu kusho ukuthi usungahlala wazi ngokwenzayo kanjalo nangezinhlelo ezenziwa yiNkulo Trust emphakathini wakho. Nguwena futhi ozozwa kuqala ngamathuba ongaba yingxenye yawo futhi ufake isandla kulo msebenzi omuhle iTrust ezama ukuwenza ukusiza umphakathi

## Umlando ngeNkulo Trust

iNkulo Community Partnership Trust yinhlangano engenzi inzuzo eyasungulwa yiThungela ngo2021 ukweseka nokufukula imiphakathi esisebenzela kuyo. Ngezinhlelo ezithile, iTrust igxile ekubhekeleleni izidingo ezibaluleke kakhulu kule miphakathi.


Imiphakathi ehlomulayo ifaka leyo esisebenzela kuyo ekoMasipala iMalahleni, iSteve Tshwete neGovan Mbeki.

Landela iNkulo Trust ezinkundleni zokuxhumana ezilandelayo:

**Facebook:** Nkulo Community Partnership Trust

**LinkedIn:** Nkulo Community Partnership Trust

## Imiphakathi ehlomulayo



# INkulo Trust yenza umnikelo wayo wokuqala!

**INkulo Trust inikele ngezidingo zasesibhedlela nangehoneysucker *truck* ukuphucula ezempilo nengqalasizinda yokuthutha indle komasipala esisebenzela kubo.**

Lezidingo zezempilo ezinikelelwe isibhedlela iWitbank Tertiary Hospital zilinganiselwa kuR6 *million* futhi zizoziphucula kakhulu ezempilo nenhlalakahle yezakhamizi zakulezi zindawo.

Ubuwazi ukuthi bangaphezu kuka80% abantu baseningizimu Afrika abasebenzisa imitholampilo kahulumeni nezibhedlela kanti lezikhungo zivame ukushoda ngezinsizakusebenza nokwenza kube nzima ukunakekela iziguli? I-Trust yethu ibambisane noMnyango wezeMpilo ukweseka izinhlelo zawo nokuphucula indlela ezempilo ezihlinzekwa ngayo emiphakathini ehlomulayo.

Lesibhedlela sibalulekile kuyona yonke indawo yaseNkangala. Silalisa abantu abangu-20 abasuke begula kakhulu njalo ngosuku, iningi labo elidinga ukuhlala esibhedlela isikhathi eside ngenxa yezifo elinazo.




**Izimpahla ezinikelwe zifaka ama-endoscopic clip, izikhwama, amashidi emibhede, imiqamelo, izikhwama zemiqamelo, izingubo zokulala, izimpahla zokulala nezimpontshi zokulala.**

> **Lezi zinsiza eziphiwe iNkulo Trust zizoba nomthelela omkhulu ekuthuthukiseni izinga lokunakekelwa eWitbank Tertiary Hospital, ziqinisekise ukuthi izisebenzi zethu zezempilo zigxila ekunikezeni ukunakekelwa kwezempilo okusezingeni eliphakeme kubantu bomphakathi,**

Sasekani Manzini,
Mpumalanga MEC for Health.




## Umnikelo we*honeysucker truck*

Ihoneysucker truck engamalitha angu-16 000 enikelelwe umasipala iSteve Tshwete Ibiza cishe uR2 *million*. Umasipala ubunama*truck* amabili alolu hlobo obuwasebenzisela ukuthutha indle. Eyodwa ifile nokuphazamise ukwenziwa kwalo msebenzi. Lomnikelo uzokwenza ukuthi lomsebenzi ungabe usaphazamiseka emiphakathini eqhelile futhi yatsemakhaya.

"Le*truck* izosisiza sithuthe kahle indle ezindaweni ebezikade zingalutholi kahle usizo. Kungokubambisana kanjena okwenza sihlinzeke ngezidingo eziphuthumayo emphakathini futhi kube nendawo enempilo nephephile yazo zonke izakhamizi," kusho uKhansela uMhlonishwa Masilela, i-*Executive Mayor* kuMasipala iSteve Tshwete."

# Ukufaka isikhalo nongaxhumana nabo

**IThungela inendlela ethembekile umphakathi ongafaka ngayo izikhalo. Lendlela iqinisekisa ukuthi leyomayini ethintekayo izosho uma isisitholile isikhalo lungakapheli usuku kanti uma kuthatha isikhathi eside, zingakapheli izinsuku ezingu-5. Umphakathi uyakhuthazwa ukuthi usebenzise imigudu efanele ehlinzekwe yiThungela ukuzwakalisa izikhalo zayo ukuze yonke into ihlale obala phakathi kwemayini nezakhamizi.**

## Ungasibhalela lapha

Goedehoop
marcia.t.mabuza@thungela.com

Zibulo
zibuloengagement@thungela.com

Mafube
nonkululeko.msinga@thungela.com

Isibonelo
isisp@thungela.com

Khwezela
lindokuhle.a.maseko@thungela.com

Greenside
lebogang.raboshakga@thungela.com

Elders
cecil.sibeko@thungela.com

Zibulo north shaft project
Msizi.myeni@thungela.com

## Uma ufuna ukuzizela ngqo

Ehhovisi lonogada

Sicela uphathe lemininingwane

- Usuku nesikhathi
- Igama lofaka isikhalo
- Uhlobo lwesikhalo
- Isixazululo osifsayo

Vakashela iwebsite nezinkundla zethu zokuxhumana ukuthola olunye ulwazi:

www.thungela.com | Thungela | Thungela